# UTemo namasela ezitshalo

Ixoxwa nguKgosi Kgosi
Imidwebo nguMagriet Brink noLeo Daly
Ihunyushwe nguMalungi Mbhele

UTemo wayeyintombazane ehlakaniphile eyayihlala emzananeni waseQunu. Wayethanda ukuya esikoleni nokufunda izinto ezintsha.

Ngolunye usuku esikoleni, ikilasi lakhe lafunda ngokutshala nokukhulisa imifino. UTemo wayethathekile kakhulu ngale ndaba kangangokuthi wayesejahe kakhulu ukufika ekhaya axoxele abazali bakhe ngayo.

*KENQEKENQEKENQE!* Insimbi yokugcina yokuphuma kwesikole yakhala izingane zonke zaphuma emakilasini azo ukuze zigoduke.

Lapho uTemo efika ekhaya, unina noyise babesekhishini beziphuzela itiye.

"Sawubona, Mama. Sawubona, Baba," washo engena ekhishini.

"Yebo, Temo," bephendula abazali bakhe.

"Belunjani usuku lwakho namuhla esikoleni?" kubuza unina.

"Bekumnandi! Ngifunde okuthile okungithathekisile kakhulu," kwaphendula uTemo ngenjabulo ngenkathi eqonde ekamelweni lakhe lokulala.

Abazali bakaTemo bazibuza ukuthi indodakazi yabo yayikhuluma ngani, kodwa ngaphambi kokuba bamcele ukuthi achaze, wayesenyamalele.

Egumbini lakhe, uTemo wakhumula umfaniswano wesikole wagqoka ezinye izingubo zakhe. Kodwa lezi kwakungezona izingubo zakhe ezijwayelekile. Wagqoka i-ovaloli, wafaka amagambhuthi nesigqoko.

UTemo waphinde wangena ekhishini. "Ta-da! Mama noBaba, bukani!" kusho yena.

Abazali bakhe bamangala kakhulu. UTemo wayengathandi nje ukwenza umsebenzi wasekhaya, pho kungani wayegqoke izingubo zokusebenza?


"Kungani ugqoke kanjalo, Temo?" uyise ebuza.

"Ngoba ngifuna ukuqala ukutshala imifino yami, Baba," washo ngentokozo.

"Usho ukuthi ufuna ukuba nengadi yakho la ekhaya?" kubuza unina.

"Yebo, Mama," kuphendula uTemo.

Abazali bakaTemo babhekana base bezibuza ukuthi uTemo uzokwazi kanjani ukunakekela ingadi ngoba uhlale ekhononda ngemisebenzi yasendlini elula njengokwenza itiye. Kodwa bakhetha ukumkholwa.



Ngakho-ke uTemo noyise baphumela phandle bakhetha indawo ethile egcekeni labo lapho uTemo ayengaqala khona ingadi yakhe. Uyise kaTemo wayesengena ngaphakathi ukuze agqoke i-ovaloli yakhe.

Okokuqala, uTemo noyise basebenzisa imfoloko yasengadini ukuvukuza inhlabathi ababeyikhethile. Lokhu kwasiza ukwenza inhlabathi ithambe ukuze kutshalwe imbewu. Kwaphinde kwasiza ukukhipha ukhula namatshe angadingeki ngaphansi komhlaba. Okulandelayo, bahhala lonke ukhula olungadingeki namatshe avela enhlabathini. UTemo noyise bafaka lonke ukhula ezikhwameni ezinkulu ezimnyama zepulastiki base bekulahla emigqonyeni kadoti.



Ngakusasa lapho uTemo evela esikoleni, wakhumula umfaniswano wakhe wesikole washeshisa wangena engadini yakhe noyise. Uyise wayethenge imbewu ukuze bayitshale. Ngakho-ke, batshala, batshala! Batshala imbewu yesipinashi, ekakherothi, ekatamatisi nekabhontshisi. UTemo wase enisela inhlabathi ukusiza imbewu ukuba imile. Nsuku zonke emva kwalokho uTemo wayekujabulela kakhulu ukubuyela ekhaya uma evela esikoleni anisele ingadi yakhe.

Kodwa kwakukhona inkinga encane: ngenkathi kungekho muntu obonayo, izilwane zase ziqala ukudla imifino kaTemo!

Ngolunye usuku, lapho evela esikoleni, uTemo wathola izimbuzi zidla engadini yakhe. Wazixosha zabaleka wabe esegijimela endlini.



“Mama! Baba!Izimbuzi zidla izitshalo zami zemifino. Aningigadelanga ngani kodwa?” esho ekhala.

“Phephisa, Temo,” kuxolisa uyise. “Mina nomama besisacambalele. Ake siphumele phandle sibone ukuthi yini esingayenza.”


Ngakho-ke bayongena engadini. Yeka umonakalo owawenziwe yizimbuzi! Kodwa okungenani yingxenye encane nje yensimu eyayinomonakalo.

“Ake sakhe uthango sibiyele ingadi, Baba,” kusho uTemo.

“Umqondo omuhle lowo!” kuphendula uBaba.

Ngakho-ke uTemo noyise bakha uthango oluzungeze ingadi ukuze izimbuzi zingabe zisakwazi ukungena.

Ngosuku olulandelayo lapho ebuya ekhaya evela esikoleni, uTemo wathola izinkomo zidla izitshalo zakhe. Izinkomo zase zihlakaniphe ngokwanele sezikwazi ukuvula isango lengadi ngezimpondo zazo!



UTemo wazama ukuxosha izinkomo, kodwa kwaba yinkomo eyodwa nje, enezimpondo ezinkulu nezicijile eyamgqolozela wafa uvalo! Izinkomo zazibukeka zizinkulu kakhulu! Ngakho wagijima wabalekela endlini.

"Mama! Baba! Manje-ke sekuyizinkomo ezidla izitshalo zami zemifino," kusho yena.

UTemo noyise baphumela phandle bathola izinkomo zizitika engadini kaTemo. Uyise wazixosha.

"Baba, kungani singalikhiyi ngengidi isango?" kuphakamisa uTemo. "Ngaleyo ndlela izinkomo ngeke ziphinde zikwazi ukuvula isango."

Uyise wabona kungumqondo omuhle lowo, ngakho bahamba bayothenga ingidi bakhiya isango.

Ngosuku olulandelayo lapho uTemo ebuya esikoleni, akatholanga zona izimbuzi, akatholanga zona izinkomo, kodwa izinyoni ezazidla izitshalo ensimini yakhe! Wazixosha wabe esegijimela ukuyotshela abazali bakhe.

"Mama! Baba! Manje sekuyizinyoni ezidla izitshalo zami zemifino," wakhala.

Uyise kaTemo waphumela naye ngaphandle ukubona ukuthi kwakuyini inkinga.

"Angisazi ukuthi sengizokwenzenjani manje, Temo," kusho uyise enwaya ikhanda njengoba wayesacabanga kanzima.

"Sengiyazi ukuthi yini esingayenza," kusho uTemo ngokushesha. "Singabeka inethi phezu kwengadi, izinyoni ngeke zikwazi ukufika ezitshalweni."

Nempela uTemo wayeqinisile! Wayengeke aphinde akhathazeke nganoma yiziphi izilwane ezidla izitshalo engadini yakhe futhi. Akukho zimbuzi ezazingangena, akukho zinkomo ezazingangena futhi akukho zinyoni ezazingangena.

Izitshalo ensimini yakhe zakhula, zakhula, ngokushesha imifino yabe seyilungele ukuvunwa! Unina kaTemo wapheka isobho elimnandi likabhontshisi, ukherothi, isipinashi kanye notamatisi, bonke basithokozela isidlo esasivele engadini kaTemo.



Qhubeka nokufunda! Uma uyithokozele le ndaba, ungakhohlwa ukuvakashela iwebhusayithi yethu (www.nalibali.org) wandise iqoqo lakho lezindaba zabantwana MAHHALA.

# Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo ongawasebenzisa kule ndaba emakhasini loku-1 kuya kwelesi-3 nabantwana basekilasini lakho kanye/noma ithimba lakho lokufunda. Khetha imibono ehambisana kahle neminyaka kanye nokuthandwa yizingane.

- Ngaphambi kokuba ufunde le ndaba, cela izingane ukuba zixoxelane ngezikwaziyo nezikubonile ngokutshala izitshalo. Zikhuthaze ukuba zicabange ngezinye izinselele eziba khona lapho uzama ukutshala izitshalo bese ziphakamisa ukuthi zingabhekana kanjani nalezi zinselele.
- Ngemva kokufunda le ndaba, tshela izingane ukuthi zisebenze ngamaqembu ukuze zilingise icala enkantolo lapho izimbuzi, izinkomo nezinyoni kufanele zichazele khona ijaji ukuthi kungani zidle izitshalo zikaTemo. Eqenjini ngalinye, izingane zidinga ukuchaza ukuthi ngubani ozodlala indawo kaTemo, eyejaji, eyezimbuzi, eyezinkomo neyezinyoni. Ijaji libiza iqembu ngalinye lezilwane lithi, "Nisolwa ngokudla izitshalo zikaTemo! Niyalivuma noma niyaliphika icala? Chazani ukuthi kwenzekeni." Izilwane zichaza olwazo uhlangothi bese noTemo uyabizwa ukuthi azochaza olwakhe uhlangothi. Emva kokuba wonke umuntu esechaze olwakhe uhlangothi, ijaji kufanele linqume ukuthi izilwane kufanele zikujezele kanjani ezikwenzile.
- Tshela izingane ukuba zenze amaphosta, "Abafunwayo" akhombisa izimbuzi, izinkomo nezinyoni. Qalani ngokuphonsela imibono nezingane ukuthi yimaphi amagama angasetshenziswa ukuchaza isilwane ngasinye. (Bhalani lokhu ebhodini noma ephepheni elikhulu njengoba izingane ziphakamisile.) Tshela izingane zibukele kulokhu njengoba zisebenza ngazimbili noma ngamaqembu ukuba zibhale incazelo emfushane yesilwane ngasinye, ziphinde zidwebe isithombe sesilwane ngasinye.
- Phaphamisa imicabango yezingane ngokuzicela ukuba zichaze isitshalo esingavamile ezingacabanga ukusitshala, bese zichaza ukuthi singasetshenziswa kanjani. Isibonelo, "Ngingathanda ukutshala isitshalo esinezincwadi esikhundleni samaqabunga, kulapho engingazikhela khona incwadi entsha engizoyifunda noma nini." Noma, "Ngingathanda ukutshala isitshalo esinamaqabunga abunsomi noshingamu obunsomi kuso. Umbala osansomi yiwo oyintandokazi yami kanti ushingamu yiwona swidi oyintandokazi yami, ngakho ngizohlala nginezinto zami eziyizintandokazi khona la eduze kwami!"

# Mayelana nephrojekthi ye-*Story Powered Schools*

UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda.

I-*Story Powered Schools* yiphrojekthi esahlolwayo eletha umkhankaso kaNal'ibali wokufundela ukuzithokozisa eyicebo eliqinisekisiwe lokuthuthukisa ukufunda nokubhala ezikoleni ezisemakhaya ezifundazweni zaseMpumalanga Koloni naKwaZulu-Natali. Igunyazwe ngaboMnyango WezeMfundo, ifezekiswe ngabe-United States Agency for International Development (USAID).

Izikole eziyingxenye yephrojekthi ye-*Story Powered Schools* zizibophezele ekokheleni inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda. Zisebenzisa amandla ezindaba ukukhuthaza abafundi ukuba bafune ukufunda nokubhala.



basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Read to Lead
A Reading Nation is a Leading Nation

USAID
EVELA KUBANTU BASEMELIKA

Nal'ibali
Kuqala ngendaba exoxwayo...